Need an amazing tutor?

www.teachme2.com/matric

Collected and collated by

teachme2

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

NOVEMBA 2019

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: Amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi ayisi-6.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZIMBILI:

   ISIQEPHU A: Indaba (50)
   ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (2 x 25) (50)

   QAPHELA: Abahlolwayo balindeleke ukuba baphendule imibuzo EMIBILI ESIQESHINI B.

2. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI A, NEMIBILI ESIQESHINI B.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala ukhombise amalungiselelo (isibonelo: sebenzisa umdwebo osalulwembu/ifloshadi; amaphuzu asemqoka), phinda ufunde bese ulungisa namaphutha. Amalungiselelo mawabhalwe ngaphambi kokuphendula umbuzo owukhethile.

6. Amalungiselelo owabhalile kumele abonakale. Uyayalwa ukuba lawo malungiselelo uwakhansele ngokudweba umugqa ovundlile ekhasini.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

   ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80
   ISIQEPHU B: Amaminithi angama-70 (2 x 35)

8. Ungaziguquli izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

9. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo.

10. Qaphelisisa upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIQEPHU A: INDABA

UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Bhala inombolo kanye nesihloko sendaba yakho.

1.1 Ngangithi nginomngani. **[50]**

1.2 Saqhuma kanye kwathi nya! **[50]**

1.3 Bangibheca ngobende inyama ngingayidlanga. **[50]**

1.4 Imibhalo ebhalwa ezindongeni zezindawo zomphakathi (i*grafithi)* inobuhle nobubi bayo. **[50]**

1.5 Ezemidlalo ziyikhambi. **[50]**

1.6 'Isifo esingiphethe siyimfihlo yami.'

Ncoma noma ugxeke lesi sitatimende esingenhla. **[50]**

1.7 Izithombe ezilandelayo ezisekhasini lesi-3 kuya kwelesi-4 zichukuluza imizwa kanye nemicabango.

Khetha isithombe ESISODWA ubhale ngaso indaba. Bhala inombolo yombuzo (1.7.1 noma 1.7.2) bese uyinika isihloko indaba yakho.

QAPHELA: Indaba yakho mayibe nobudlelwane nesithombe osikhethile.

1.7.1

[Sithathwe ku-africapictures.com] **[50]**

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

1.7.2

[Sithathwe ku-addicted2success.com] **[50]**

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 2

Phendula imibuzo EMIBILI kulesi siqephu bese ubhala ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120 umbuzo ngamunye.

Bhala inombolo yombuzo kanye nesihloko sombhalo owukhethile. Isb. 2.1. Incwadi Yobungani.

2.1 **INCWADI YOBUNGANI**

Uthole itoho lokusebenza ngezimpelasonto esitolo esiseduze nomuzi kagogo wakho.

Bhalela ugogo wakho incwadi ucele indawo yokuhlala ngezimpelasonto ukuze ube seduze nalapho uzobe ubambe khona itoho. **[25]**

2.2 **INKULUMOMPENDULWANO/INGXOXO**

Ungomunye wabafundi abasethubeni lokunikwa umfundaze inkampani yangakini iVulingqondo (Pty) Ltd. Unenkulumompendulwano noMqondisi ophethe le nkampani.

Bhala inkulumompendulwano ephakathi kwakho kanye noMqondisi wale nkampani. **[25]**

2.3 **INCWADI EYA KUMHLELI**

Iphephandaba iSokesimbone likhiphe udaba olungelona iqiniso olumayelana nelinye lamalungu omndeni wakho.

Bhala incwadi eya kuMhleli ukhononde ngalesi senzo. **[25]**

2.4 **UMLANDO KAMUFI**

Umngani wakho udlule emhlabeni ngokukhulu ukuzuma. Ucelwe umndeni ukuba ubhale umlando wakhe.

Bhala umlando kamufi. **[25]**

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

2.5 **I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO**

Intsha yesigceme sangakini ihlela umcimbi wokubungaza intsha yalesi sigceme ephumelele empilweni.

Bhala i-ajenda kanye namaminithi omhlangano wokuhlela lolu suku.

Qaphela: Gcwalisa imininingwane edingekayo kule ajenda ngaphambi kokubhala amaminithi omhlangano.

I-Ajenda
Usuku:
Indawo:
Isikhathi:
1. Ukuvula Nokwamukela:
2. Izixoliso:
3. Ababekhona:
4. Ukufundwa kwamaminithi omhlangano odlule:
5. Ezivuka emaminithini:
6. Ezosuku/Ezintsha:
   6.1
   6.2
   6.3
7. Ezingxube
8. Usuku lomhlangano olandelayo:
9. Ukuvala **[25]**

2.6 **I-INTHAVYU**

Ungunobhala weKomiti lentsha yangakini umeme isikhungo semfundo ephakeme ukuba sizolekelela ngolwazi oludingekayo kulabo abafisa ukufunda kulesi sikhungo.

Bhala i-inthavyu ephakathi kwakho nomele lesi sikhungo. **[25]**

AMAMAKI ESIQEPHU B: 50
AMAMAKI ESEWONKE: 100